

AMAPHOYISA alwa nokuntshontshwa kwemfuyo eGlencore namaphethelo athole imfuyo engu-83. Kuthiwa lo mkhankaso wokulwa nalesi sihlava usazoqhubeka

Isolezwe - 30 Julayi 2015

# Kushaqwe imfuyo eyebiwe emapulazini

**NONTUTHUKO NGUBANE**

KUBOSHWE abasolwa abayisithupha kwatholwa imfuyo engu-83 ebilahlekile emapulazini aseGlencore namaphethelo.

Amaphoyisa aseGlencore ophiko olulwa nokuntshontshwa kwemfuyo angene emapulazini ahlukene kule ndawo okubalwa iDundee, Hattingspruit, Helpmekaar.

Bekunomkhankaso oholele ekubanjweni kwabasolwa nokushaqwa kwemfuyo.

Okhulumela amaphoyisa KwaZulu-Natal uMajor Thulani Zwane uthe: "Uphenyo lwamaphoyisa aseGlencore ophiko olulwa nokwebiwa kwemfuyo aqale umkhankaso ngo-Julayi 13 nonyaka waze wasongwa ngoJulayi 26.

"Kutholakale nemfuyo ebilahlekile engu-83 kulo mkhankaso. Kuboshwe abasolwa abahlanu eDundee, noyedwa eWesbank.

"Abasolwa abayisithupha baboshelwe ukweba imfuyo oyedwa waboshelwa icala lokutholakala nensangu," kusho uZwane.

Kulo mkhankaso eDannhauser kutholwe imfuyo eyisishiyagalombili, eDundee kwatholwa izinkomo ezine nesibhamu sokuzakhela. eHattingspruit kutholwe izinkomo ezimbili, eHelmekaar kwatholwa izinkomo ezintathu, eWesband kutholwe izimbuzi ezintathu kwathi eGlencore kwatholakala izingulube ezingu-50 nezinkomo ezingu-11.

Umkhuzi wamaphoyisa KwaZulu-Natal u-Lieutenant General Mmamonnye Ngobeni uncome umsebenzi omuhle owenziwe amaphoyisa.

"Sifisa ukugcizelela ukuba bonke abanikazi bemfuyo befake uphawu emfuywweni yabo ukuze izosheshe ibonakale uma isintshontshiwe, kube lula ukuba itholakale," kusho uNgobeni.

Amaphoyisa aveze ukuthi kulindeleke ukuba abophe abanye abasolwa ngokweba imfuyo. Umkhankaso ofuze lona kuvele ukuthi uzoqhubeka kwezinye izindawo kungazelele muntu njengoba bejwayele ukwenza. Ngokuthola kwe*Solezwe* kusadla lubi ukuntshontsha kwemfuyo nasezindaweni zasemakhaya. Kuthiwa okwenza kube nzima ukubanjwa kwabasolwa wukuthi iningi lemfuyo alifakiwe uphawu olucacisayo ukuthi ngekabani.